



# UYebo nezimuzimu

Ntombifuthi Ncwayiba  
Kamogelo Matlawe




Ulwazi  
Lwethu



UYebo nabazali bakhe babehlala ehlathini.

Kule ndawo ababehlala kuyo, kwakuhlala uZim-zim, owayeyizimuzimu.

UZim-zim wayedume ngokudla izingane.



USikhwebu, ubaba kaYebo, wayengumzingeli.  
Wayethi uma ebuya ukuyozingela amemeze,  
"Yebo! Yebo! Woza uzongihlangabeza  
mntanami."

UYebo wayethi kumama wakhe, "Ubaba  
uyangibiza. Kufanele ngiyomhlangabeza."

UZim-zim wakubona konke lokhu.



UZim-zim wazama ukuzenza uSikhwebu, "Yebo! Yebo! Woza uzongihlangabeza mntanami."

Wayazi ukuthi izwi lakhe alifani nelikaSikhwebu.

"Ngingalishintsha kanjani izwi lami?" uyazibuya.



UZim-zim wacela usizo kumthakathi.

"Ngingalishintsha kanjani izwi lami lifane nelabantu?" uyabuza.


"Shisa imbazo ize ibe bomvu, bese uyigwinya iphelele," kusho umthakathi emcebisa.



UZim-zim waphindela ekhaya, wagwinya imbazo  
eshisa bhe.

Wase ememeza, "Yebo! Yebo! Woza  
uzongihlangabeza mntanami."

Lutho! Izwi lakhe lalingafani nelikaSikhwebu.  
Lalilikhulu kakhulu.



Waphindela kumthakathi engeneme neze uZim-zim.

"Ngingenza kanjani ukuze ngibe nezwi elincane, labantu?" wabuza.

"Kulokhu kuzomele uyishise ubusuku bonke imbazo, kuthi ekuseni, uyigwinye iphelele," kuphendula umthakathi.



Emuva kokwenza abekutsheliwe, uZim-zim wahamba wayomemeza, "Yebo! Yebo! Woza uzongihlangabeza mntanami."

Izwi lakhe lalifana ncamashi, nelikaSikhwebu.

UYebo waphumela phandle ejahile.

Kodwa kwakungeyena uyise.



UYebo wabona iphutha lakhe singasekho  
isikhathi.

Wazama ukubaleka angene endlini, kodwa  
uZim-zim wambamba kalula.


Wathwala uYebo njengogodo wayombeka  
phakathi ehlathini.



Masishane, uSikhwebu wafika ekhaya  
wamemeza, "Yebo! Yebo! Woza  
uzongihlangabeza mntanami."

Kodwa uYebo akazange aphume. Umama  
wakhe waphendula wathi, "Ubusumbizile nje."

Babona ukuthi ingane yabo ithathwe nguZim-  
zim.



USikhwebu wathatha induku yakhe yokuzingela,  
waphikelela ehlathini ukuyofuna indodana  
yakhe.

Esaqhamuka, wabona uZim-zim elele  
ngasemfuleni. Wayebeke isaka elikhulu phambi  
kwakhe.



USikhwebu wanyonyobela uZim-zim. Wathi esesondele, wadonsa induku yakhe ende, washaya uZim-zim.

UZim-zim wagxuma, evuka ebuthongweni edidekile. Wabaleka.

USikhwebu wavula isaka wakhipha indodana yakhe.



USikhwebu wagona indodana yakhe, ejabulile ukuthi batholene. UYebo naye wayejabulile ukubona uyise.

Bakhohlwa nguZim-zim, baphindela ekhaya.



Ulwazi Lwethu is a Zenex Foundation funded and initiated project to develop a series of graded and leisure African language readers and teacher support materials. This project is targeted at teaching and supporting learners in the Foundation Phase to improve their home language reading and understanding. The readers have been originated in nine African languages in collaboration with Molteno Institute for Language and Literacies, Nelson Mandela Institute for Education and Rural Development, Room to Read South Africa, and Saide. All resources are developed as Open Education Resources (OER).



**basic education**

Department:  
Basic Education  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

*The Ulwazi Lwethu readers and storybooks have  
been quality assured and approved by DBE.*

Your attribution should include the following:

**Title:** UYebo nezimuzimu

**Author/s:** Ntombifuthi Ncwayiba

**Translator/s:** Zanele Ndlovu

**Illustrator/s:** Kamogelo Matlawa

**Assurer/s:** Zanele Zuma

**Language:** isiZulu



© Zenex Foundation - Saide 2025 (Updated Edition)

**CC BY** includes the following elements:

**BY** – Credit must be given to the creator

